Inkanyiso, 25 June 1891

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | Supplement to *Inkanyiso* |
| DATE: | 25 June 1891, p5. |

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

NKOSI Mhleli,-Ngicela ukuba uke ungifakele nanka amazwana ami ayingcosana [n]gibhekise kubafundi be *Nkanyiso*.

Madoda, limnandi lelipepa letu ngoba siyazana ngalo; kabuko ubuhle obunye obungadhlula ukuba sibonge ngokuba-kona kwalo. Kepa kuyabonakala ukuba uqinisile impela u Tshangana no Ndimande ukuti asikabi madoda sise izingane sonke, ekufundisweni: ngoba kuti konke esikukulumayo kugcinwe ngokushiywa kungena'nhloko, kungabiko okupelelayo; kuti noti uveza izwi elingaluleka abakubo, linyatelwe pansi; besekubonakela elokuti *ingulube ihlanzwe qede, yabuyela odakeni.* Nginezwi elincance kumfo wetu u Zibukwana, ngiti kuhle ayeke ukuzibiza ngegama elinye uma ependulana nami. Igama lake lobukristu ngu Friday, elaoyise u Mdhluli. Ekukulumeni kwake kungati ungipatele imbokodo azakungigxoba ngayo, uma eloku [ez?ala]. Futhi nempela nje kungati ukuluma okungayolile uma eloku ezifihla. Ngiti-ke kuye, noma enginqabele yena esicelweni sami-njengokuba kambe seku ngesami ngedwa-mina ngisatsho lelo, madoda, ngiti kungabakuhle ukuba nikubone nihlangane ngako loku, ukuba amakosi etu asize abashumayeli bakiti, bazuze okungabapilisayo.

Ngibone izwi epepeni ngomteto wokuvimbela abakiti asebepume emtetweni wabamnyama ku grog. Ngite ukukubona loko ngamangala; ngoba laba bakiti bapume nje, balandela abelungu kuko konke. Angikulumi loku ngoba ngifisa ukuba badedelwe ku grog; kodwa ngimangala ukuba bahlanganiswe nabakubo abapume kubo, ngalowo mteto. Akubukombi ubuhle loko, kukomba ukuketwa kwetu, kwa Rulumende; ngisatsho-ke ngiti, u Mpazima uqinisile uma eti siyaketwa tina kwo Mkulu, ngoba uti nosepume kiti walandela bona, apindeliselwe emuva. Futi ngimangala kakulu uma u Rulumende eti ubavimbele abamnyama ku grog; ngoba impela manje u grog abamnyama bawudhla kakulu kunaloko ababewudhla ngako kungakanqunyiselwa. Izwi lokuti kuvaliwe ezinkantini, lifana nokulaula nje.

Yabiyakuvalwa kanjani yon le'nto embi kangaka esayiletelwa ngabomu? Abapangi laba bona babeyakutolani? Izinkantini zineminyango ngapambili nangemuva nasemacaleni, umuntu angevinjelwe [ot?weni] alutisayo.

Owako, Nkosi Mhleli MAGEMA MAGWAZA
P.M.Burg, 10th June, 1891

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.